

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES
MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KOMGWAQO KWAKOPI EMSINGA
MHLAKA 12 OCTOBER 2010.**

Mphathi wohlelo;

Nkosi yendawo;

Amakhosi wonke akhona;

Imeya yoMkhandlu;

Amakhansela;

Izinduna;

Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;

Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambeke;

Abezindaba;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Mangibonge kwiNhloko yoMnyango uHlabisa ngencazelo asesinike yona mayelana nombhidlango osuqhubekile nosaqhubeka wokulethwa kwemigwaqo endaweni yaseMsinga. Angazi-ke ukuthi ngabe umuntu olele yini ongathi akaboni ukuthi kusukela kungene lo Hulumeni wentando yeningi izinto ziyenzeka lapha eMsinga.

Kodwa thina esingalele nesaziyo eMsinga ngaphambi kokuba kungene lo Hulumeni wabantu, asiwuvali umlomo. Silokhu sihalalise njalo sithi halala bantu baseMsinga halala! Sinihalalisela ngentuthuko yemigwaqo esiyibonayo siphinde sinihalalisela nangokuthi nathi uma nivota navotela uHulumeni ongezokwenza izethembiso nje kodwa owenza izibophezelo.

Siyazi ukuthi uMsinga ungenye yezindawo esifundazweni okuthe uma kungena uHulumeni wentando yeningi zahlonzwa njengezidinga kakhulu izidingongqangi ngenxa yezinga lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

Phela bambalwa, uma bekhona emlandweni, ohulumeni abake bakwazi ukubhekana nezinsalelo ezahlukenene njengoba kwenzeka lapha KwaZulu-Natal naseNingizimu Afrika yonkana. Siyazi ukuthi ukungenisa kobandlululo kuleli kwashiya imiphakathi iyinhlakanhlaka ingakwazi ngisho ukwenzani eya phambili.

Imiphakathi yasemakhaya, ikakhulukazi njengalapha eMsinga, ibibhekene nesimo esibucayi kwezomnotho nakuba inamathuba amahle kwezolimo nakwezokuvakasha. Ngakho-ke, ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, insalelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinsalelo ezilethwa ubugebengu, izifo ezinye ezingelapheki njengengculazi kanye nobubha.

NjengoMnyango wezokuThutha nanjengoHulumeni jikelele sikholelwa ekutheni imigwaqo esesimweni esihle ibaluleke kakhulu ekwakhiweni kabusha kwemiphakathi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya ngoba lokhu ekugcineni kwenza abantu babe nokuthula, intando yeningi nentuthuko, okuyizinto ezisemqoka ekuguquleni izimpilo zabantu zibe engcono.

Njengoba ichazile iNhloko yoMnyango, imigwaqo eminingi lapha eMsinga iqale ukwakhiwa ngesikhathi sikaManzankosi oyingqalabutho yalo Mnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, kodwa futhi osewuphethe ezingeni likazwelonke manje. Kuthe noma sekungena uNdosi kwaba sengathi ushunqiselwe yena waphuma engena eMsinga ephendula amasoyi aphinde avule imigwaqo namabhuloho.

Ngikhuluma nje namhlanje sizohalalisela umphakathi walapha ngomgwaqo okwazibophezela yena uNdosi ukuthi uzowakha kulandela isicelo asithola kubantu azihlanganela nabo nje endleleni eya komunye umcimbi khona lapha eMsinga ngonyaka odlule. Sisho ngeqholo ukuthi wayezibophezela uNdosi lapha ngoba kwase kukhankaselwa ukhetho kodwa akasebenzisanga lokho ukukhohlisa abantu njengoba silapha namhlanje.

Namhlanje abantu baseMachunwini sebekwazi ukuxhumana kalula nabantu basemaBomvini ngenxa yale migwaqo waKwaKopi naseMvundlwini. Ukwakhiwa kwale migwaqo sekuzofinyeza nebanga lokufinyelela ezindaweni njengaseGreytown, Tugela Ferry neKeates Drift uphinde uxhumanise izindawo yaKwa-Kopi, iNhlesi, eMvundlwini nakwaNogawu. Ibanga kusuka eNhlesi kuya Kwa-Kopi selifinyezwe ngamakhilomitha angu-15 njengoba kungasadingeki uye eTugela Ferry.

Emgwaqeni wakwaKopi ongu-15 km sifake u-R39.9 million kwathi owaseMvundlwini ongu-18 km safaka u-R18.5 million. Uma ubheka isamba sale mali esingu-R58.4 million, uzobona ukuthi kuyinselelo engakanani ukususa phansi umgwaqo lapho ungakaze ubekhona. Kudingeka ugudluze amatshe utilize nezintaba. Awungitshela nje ukuthi ukube sikhuluma ngetiyela lapha ngabe sisho malini.

Sesisho kaningi-ke lapho sihamba khona ukuthi miningi imigwaqo esizolokhu siyidlulisela ngokusemthethweni emiphakathini esifundazweni ngoba sike sampintsheka ngenxa yesimo sezomnotho ezweni sangakwazi ukuqeda eminye imisebenzi ngesikhathi esasizibekela sona. Asifuni-ke kulokhu kunabantu abasizakala ngokuthi kunemisebenzi okwagcina kuphendulwe isoyi kodwa kwangenzeka lutho. Ukudlala ngabantu yinto ekude kabi nalo Hulumeni.

Kodwa futhi ngenxa yegebe elikhona ekwakhiweni kwemigwaqo, sizolokhu sithi phohlo kancane nasemisebenzini emisha ukuze kungabi sekuma nse kulabo esingakaze sifike kubona. Njengoba nami sengikhona nje kulo Mnyango, kungumsebenzi wami ukuthi ngiqhubeke nokufuqa imikhankaso engifice ikhona.

Mhlambe kuhle futhi ngize nginezeele nangaphezulu. Ngizohlale ngiqinisekisa ukulethwa kwemigwaqo ezindaweni zasemakhaya nokwakhiwa kwamabhuloho azoxhumanisa imiphakathi nezikhungo zosizo. Siyazi ukuthi le migwaqo yobhuqu kumele nayo ngelinye ilanga ibe netiyela.

Kuyasijabulisa futhi ukuthi le migwaqo iphinda ilekelele imiphakathi yakithi ngamathuba okuxosha ikati eziko. Ngenkathi kwakhiwa kukhona abathola amatoho kanti uma isiphelile imigwaqo kungena nomama bakaZibambele abayigcina isesimweni.

Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Imigwaqo esiyakhayo ngeyokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

Ngiyazi futhi ukuthi abanye abantu sebethi bakhathele oMchunu abakhuluma njalo. Kodwa engikwaziyo ngukuthi njengoNgqongqoshe wezokuThutha angikwazi ukuthula – kungumsebenzi wami ukuthi ngithi sekwanele!

Kodwa futhi ngiyazi ukuthi angingedwa kulokhu, nami ngingomunye wamanxusa amaningi ezokuphepha emgwaqeni esifundazweni nasezweni lethu lonke. Ngiyazi futhi ukuthi amanxusa amakhulu ezokuphepha angeke angilahle ngamalungu emindeni elahlekelwa abathandiweyo babo noma kudingeke banakekele abasuke sebekhuzekile okuyibo abasuke sebexoxa indaba.

Mangigcine ngokuxwayisa zonke izaphulamthetho emigwaqeni ukuthi maduze nje sizobaphuca ilungelo lokushayela. Sizoyithatha ilayisensi yakho uma uqhubeka nokwephula umthetho ukuze sigweme ukuthi ugcine ubulale abantu emgwaqeni.

Ngalawo mazwi ngithi masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo.

Ngiyabonga